

USUKU LOMHLABA WONKE LOKUFUNDA KAKHULU NONALIBALI

Kulo nyaka Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu luzogujwa mhla zi-4 kuNdasa wezi-2015. Hlanganyela nathi ngalolu suku bese ufunda indaba esiyibhalelwe ngokukhethekile umxoxi wezindaba owaziwa kakhulu, uGcina Mhlophe ethi, *Isipho sikaSisanda* - ufundele izingane ozaziyo.

IMISEBENZI EMI-5 YOSUKU LOMHLABA WONKE LOKUFUNDA KAKHULU

1. Funda indaba ethi, *Isipho sikaSisanda* ekhasini lesi-2 nelesi-3 ufundele izingane zakho kanye nabanye. Zijwayeze ukufunda kakhulu kaningana ngaphambi kokuba ufundele izingane bese ukhumbula ukuzwakalisa imizwa ezwini lakho ngesikhathi ufunda. Mayelana nezingane ezincane kakhulu, mhlawumbe ungathanda ukuzikhombisa izithombe ngesikhathi uxoxa indaba ngamazwi akho alulana nje.
2. Yana ku-www.nalibali.org uthwebule amaphaphethi eminwe abalingiswa abasemqoka endabeni ethi *Isipho sikaSisanda*. Emva kwalokho khuthaza izingane zakho ukusebenzisa amaphaphethi ukuyixoxa kabusha indaba noma ukuxoxa ezazo izindaba.
3. Khuthaza izingane zakho ukuthi zichaze indaba ngokuzicela ukuthi zidwebe noma zipende isithombe sengxenye eziyithandile.
4. Sebenzisela Usuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu ukuzama into entsha – fundela kakhulu izingane noma abantu abadala ongakaze ubafundele phambilini noma uzame ukufundela izingane zakho indaba endaweni eyehlukile, efana nasepaki noma ngesikhathi zigeza!
5. Yenza awakho amaphosta oSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu. Bese uwaphanyeka esikoleni sakho, emtatsheni wezincwadi, ethimbeni lokufunda noma endaweni yokukhonzela ukuze wazise ngokubaluleka kwalolu suku.

UKUBAMBA IQHAZA

Yana ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze ubhalisele umnden wakho, ithimba lakho lokufunda noma isikole sakho umcimbi omkhulu kunayo yonke eNingizimu Afrika woSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu!

INZUZO EYI-8 YOKUFUNDA KAKHULU!

Ukufundela kakhulu izingane zakho:

- kuzikhombisa ukubaluleka kwezincwadi kanye nokufunda.
- kunikeza izinto eningaxoxa ngazo ndawonye.
- kwakha ukuxhumana phakathi kwenu.
- kuzivumela ukuthi zizizwele ukuthi ukufunda kuwumsebenzi oweneliso.
- kuzikhuthaza ukuthi zifunde ukuzifundela, nokuthi ziqhubeke nokufunda.
- kuzikhombisa ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi.
- kuzivumela ukuthi zithokozele izindaba ezingaphezu kwezinga lazo lokwazi ukufunda lamanje.
- kuthuthukisa amagama eziwaziyo kanye nokwazi ulimi.

WINA!

Ngokusayinela ukufundela kakhulu izingane othintana nazo empilweni yakho, wena uzibeka ethubeni elihle lokuwina amathikithi amabili okundiza kuleli ngezilokotho zenkampani yezindiza i-South African Airways.

Mayelana nemigomo nemibandela vula ku-www.nalibali.org



ISIPHO SIKASISANDA

Indaba kaGcina Mhlophe

Ihunyushwe nguBusisiwe Pakade

Imidwebo yenziwe uJiggs Snaddon-Wood

Nsuku zonke uma intombazanyana eneminyaka eyisishiyagalolunye enguSisanda ibuya esikoleni, ikhumula umfaniswano wayo, idle isidlo sayo sasemini bese idlala umlabalaba nomkhulu wayo. Bazithokozisa kakhulu lapho bendizisa "izinkomo" zabo zizungeze ibhodi kangangokuthi uSisanda usuke engasafuni ukuyeka. Kodwa umkhulu bese emkhumbuza ukuthi phela ufuna ukuba umphathi webhange uma esekhulile.

"Uzokwenza kanjani lokhu uma ungayi esikoleni samabanga aphezulu?" kuntela umkhulu wakhe.

USisanda uvele azihlekelele nje. "Ngizoya esikoleni samabanga aphezulu kanye nasenyuvesi futhi. Yingakho ngisebenza ngokuzikhandla kangaka esikoleni!"



USisanda mude kakhulu kunontangayabo – ufuze uyise. Ubuso bakhe obuyindilinga kanye nokumamatheka kwakhe okuhle kufuze okukanina. Abazali bakhe bobabili bavuka ekuseni kakhulu njalo bese beyosebenza esiqiwini sezilwane esiseduze. Ngesikhathi uSisanda kanye nabangani bakhe beqala ukufunda, kusuke sekunezindimbane zezivakashi ezifikayo zizobuka izilwane ezinhle kakhulu zaseNingizimu Afrika.

Ngosuku lwakhe lokuzalwa lokugcina, uSisanda wenzelwa okukhethekile – abazali bakhe bamtholela imvume yokuthi idili lakhe lenzelwe esiqiwini. Izindlulamithi zasesiqiwini zazithanda ukwazi ngaleli qembu labantu. Zelula izintamo zazo ezinde ukuze

zilibone kahle idili futhi kwakubukeka sengathi zazifuna nokudla ikhekhe losuku lokuzalwa! USisanda wazithanda izindlulamithi. Zonke izilwaze zazikhethekile kuye, kodwa kwakuyizindlulamithi ezithule futhi ezimnene athatheka ngazo. Wayengachitha usuku lonke ezibukela.



Ngolunye ulwesihlanu, uyise kaSisanda washeshe wabuya emsebenzini. Wayebukeka ethukuthele egane unwabu.

"Kwenzekeni, Baba?" kubuza uSisanda.

"Namhlanje iqulo lezinyosi litinyele umama undlulamithi," kuchaza uyise kaSisanda. "Ikhanda lakhe belivuvuke kakhulu ngenxa yokutinyelwa, kwaze kwavaleka amehlo akhe amahle. Sizame konke okusemandleni ukumsiza, kodwa kwaba nhlanga zimuka nomoya – waze wafa. Into ebuhlungu kakhulu ukuthi ubenenkonyane encane ebisamdinga."

"Awu hhe!" kusho uSisanda eqala ukukhala. "Ngifisa sengathi bekungaba khona into ebengingakwazi ukuyenza. Kufanele ukuthi inkonyane yendlulamithi ikhala njengami."

USisanda wakhala, wakhala. Unina wazama ukumduduzisa. Waze wafundela noSisanda enye indaba ukuze amsize ukuthi akhohlwe ukuthi wayeyizwela kanjani inkonyane yendlulamithi. Ekugcineni, uSisanda wagcina esezumekile elokhu elalele iphimbo likanina.



Ngakusasa ekuseni uSisanda wavuka neqhinga!

"Ngabe ngingaya nawe emsebenzini namhlanje?" ebuza uyise. "Nginesipho senkonyane yendlulamithi."

Abazali bakhe babukana bemangele, bamamatheka

Ukuqhakazisa ulwazi lwezingane ngokuxoxa izindaba kanye nokufunda

@nalibaliSA

nalibaliSA

info@nalibali.org

www.nalibali.org



Kuqala ngendaba exoxwayo...

base bethi, "Yebo, unghamba nathi."

Kwakuwusuku olufudumele kodwa lunamafu. Yonke into esiqiwini yayizwakala ithule ngendlela engejwayelekile.

"Ngicabanga ukuthi ilanga alikhanyi namhlanje ngoba nalo liphatheke kabi ngenkonyane yendlulamithi," kusho uSisanda.

Indlovu enkulu yabuka umndeni ngenkathi wedlula.

"Mhlawumbe izibuza ukuthi kungani intombazanyana iya emsebenzini nabazali bayo," kusho unina kaSisanda.

USisanda wanqekuzisa ikhanda. "Izomangala uma isithola ukuthi kungani," kucabanga yena.

Bathola inkonyane yendlulamithi imi yodwa. Intamo yayo encane ende yayilenga nje, futhi amehlo ayo amakhulu ayebukeka egcwele usizi. USisanda wama eduze kwayo ngendlela ayengakwazi ukuthi enze ngayo. Wavula isikhwanyana sakhe wase ekhipha incwadi. Abazali bakhe bamangala nje lapho eseqala ukufundela inkonyane yendlulamithi. Yaphendula ikhanda layo ibheka ngalapho okwakuphuma khona iphimbo lakhe, futhi yalalela sengathi iqonda igama ngalinye. Ekuqaleni, abazali bakaSisanda bacabanga ukuthi ukufundela indulamithi kwakuyinto exakile umuntu angayenza, kodwa bashintsha imiqondo yabo ngesikhathi sebebona ukuthi yayibukeka inokuthula kanjani – amehlo ayo amnene ebheke uSisanda.



"Indaba yami imenze wazizwa engcono," kusho uSisanda kumkhulu wakhe ngesikhathi efika ekhaya. USisanda wayevame ukuvakashela indulamithi encane ntambama kanye nangezimpelasonto. Kanti njalo uma eya khona, wayephatha enye indaba azokwabelana ngayo nenkonyane. Abangani ababili abasha babebukeka bebahle bendawonye kangokuthi nezivakashi zazibathatha izithombe.

Kancane, kancane, indulamithi yaya isimama. Abantu basesiqiwini sezilwane babeyinakekela kakhulu, kanti


nalo lonke uthando lomngani wayo omusha, uSisanda, lwalusebenza njengomlingo.

Ngelinye ilanga umphathi wesiqiwi wacela uSisanda ukuthi aqambe umngani wakhe omusha igama.

"Ngicabanga ukuthi lihle igama elithi: Thokozani," kusho uSisanda.

Ngosuku olulandelayo umphathi wesiqiwi washayela ucingo uthisha kaSisanda. Wamema bonke abafunda noSisanda ukuthi bazobona uThokozani. Indulamithi enhle yayisikhule yaba yinde futhi yanamandla ezinyangeni ezintathu kusukela ngosuku lokuqala uSisanda eyivakashela.

Ngosuku lokuvakasha izingane ezifunda iBanga lesi-3 ezingamashumi amane zazilinde zibheke ngamehlo abomvu ukuvulwa kwamasango esiqiwi. USisanda wayesezihola ngokuqhosha zonke sebeya kuThokozani. Ezinye izingane zabuka le ndulamithi ende ngokumangala. Ezinye zagigitheka kodwa zinovadlwana. Uthisha wazo, uNkosazane Khanyile, wavele wamamatheka nje.



"Muhle umngani wakho, Sisanda. Umenzele umusa," esho kamnene.

"Ubani igama lakhe?" kubuza omunye wabafana.

"UThokozani," kuphendula uSisanda.

"Ukuthi Thokozani phela kusho ukuthi 'jabulani'," kuchaza uNkosazane Khanyile.

Izingane zahlala phansi zalalela ngesikhathi uSisanda ezifundela indaba ayeyifundele uThokozani ngosuku ayeqala ukumbona ngalo. Umphathi wesiqiwi wathatha izithombe. Ezinye izivakashi ezazidlula nazo zathatha izithombe. Nomthwebuli-zithombe wephaphandaba lendawo naye wathatha izithombe. Wabethembisa ukuthi isithombe sabo sizovela ephephandabeni maduze nje. Wonke umuntu washaya ihlombe.

Saze sasihle lesi siph! Ukufundelwa kuyamduduzisa umngani.

Ukuqhakazisa ulwazi lwezingane ngokuxoxa izindaba kanye nokufunda

@nalibaliSA

nalibaliSA

info@nalibali.org

www.nalibali.org



Kuqala ngendaba exoxwayo...

YENZA IBHEJI!



1. Sika ulandele umugqa obomvu onamachashazi ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Hlobisa isithombe ngombala.
3. Sika indingiliza ewubukhulu obufanayo nobebheji ekhalibhothini eliwugqinsi, isibonelo, ibhokisi lamasiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele ibheji ekhalibhothini.
5. Sebenzisa ithephu enamathelayo noma embozayo ukuze unamathisele isipeletu ngemuva kwebheji. Noma uvule imbobo phezulu bese ushutheka umucu wewuli noma wentambo ukuze ukwazi ukuligaxa entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho ngesikhathi ufunda futhi ulalele nezindaba ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kakhulu.

Sithumelele izithombe zezingane zakho namabheji okufunda kakhulu. Iimeyili: info@nalibali.org noma uzifake ku-Facebook!

OKUMAYELANA NONAL'IBALI

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Izingane ezithola izindaba ezimnandi nezixoxwe kahle – nangezilimi eziziqondayo – ziba nentshisekelo futhi ziyakhuthazeka ukuthi zizifundele. Lo muzwa wokufunda okwenza uzuze uyiresiphi yokuthuthukisa ukufunda ngempumelelo.

UNal'ibali uqhutshwa uPRAESA (i-Project for the Study of Alternative Education), i-Times Media kanye nabanye abaningi abasebenzisana nabo. Ngokufundisa amakhono okuqhubekayo nokusebenzisana nemiphakathi, amathimba okufunda, izinhlangothini eziphathelene nokwazi ukufunda nokubhala namavolontiya aneminyaka eyahlukene, nomkhankaso wengosi yokucoshela izindaba eshisa izikhotha, uNal'ibali usiza ukugxilisa usiko lokwazi ukufunda nokubhala ezimpilweni zethu zansuku zonke eNingizimu Afrika.

Ukuze uthole eminye iminingwane vakashela ku-www.nalibali.org, www.nalibali.mobi noma uthumele iimeyili ku-info@nalibali.org. Ungasithola futhi ku-Facebook naku-Twitter: @nalibaliSA.